


**NguMongameli
uThomas S. Monson**



Ima Njengesibane

Ngithole amathuba amaningi wokuhamba ngiyobona imicimbi yokubhiyozela amasiko ezindaweni eziningi zokusekelwa kwamathempheleli amasha. Ngiwathande wonke, kanye nengisanda kuyakuwona maduzane eFiniksi, Arizona, eUSA, ngoNovemba odlulile.

Abasha abaNgcwele beziNsuku-Zokugcina abasebenzisanayo kulomcimbi benza uhlelo olumangalisayo, oluyisikhumbuzo. Ngonyaka odlule eFiniksi, ngaphambi komcimbi, ngatshela ababebambiqhaza, “Ningabantwana bokukhanya”

Ngingathanda ukuthi bonke abasha beBandla bazi ukuthi bangabantwana bokukhanya. Ngakhoke, kufanele baziphathe “njengokukhanya emhlabeni” (abaseFilipi 2:15). Ngumsebenzi wabo ukuthi babelane ngeqiniso levangeli. Bane bizo ukuma njengokukhanya kwethempheleli, bebonakalisa ukukhanya kwevangeli lomhlaba okhula ebumnyameni. Banomsebenzi wokukhanya kakhulu njengomlilo omkhulu ovuthayo.

Ukuze thina sibe “yisibonelo samakholwa” (1 Timoti 4:12), kufanele thina sikholwe. Kufanele sikhule ngokholo ukuze sikwazi ukuqina emoyeni futhi sibengokukhanya kwabanye. Silondoloze ubufakazi bethu ukuze bukwazi ukusiqinisa ezimpilweni zethu.

Indlela esebenza kahle kakhulu ekusisizeni ukuthola nokugcina ukholo namhlanje ukufunda nokutadisha imibhalo kanye nokuthandaza njalo nangasosonke isikhathi.

Kubasha beBandla, ngithi kini, uma ningakwenzi lokho, qalani manje ukuzijwayeza ukufunda imibhalo nokuthandaza nsuku zonke. Ngaphandle kokwenza lezinto ezimbili ezibalulekile, izindlela zomhlaba kanye nobunzima bempilo kungacima noma kususe konke ukukhanya esinako.

Iminyaka yobusha ayilula. Iminyaka ebalulekile lapho uSatan elinga futhi enza konke okusemandleni akhe ukukususa kulendlela ezokufinyelelisa ekhayeni lakho lasezulwini, Njengoba uthandaza usebenza futhi ulalela, uzokwazi kabanzi “ukukhanya okukhanyisa ebumnyameni” (D&C 6:21), Isibonelo kanye namandla ethu — iNkosi uJesu Kristu. Uyisibani esisiphakamisayo ukususa ubunyama obukhona (bona 3 Nifayi 18:24).

Ubufakazi obuqinile ngoMsindisi kanye nevangeli elibuyisiwe, kunamathuba amaningi wokuqhakaza. Ase-duzane nawe nsuku zonke, kunomasiphi isimo ozithola kuso. Uma ulandela isibonelo soMsindisi, uzothola ithuba lokuba yisibane, kanjalo ke, nasezimpilweni zalabo abaseduzane nawe—nomangabe amalungu omndeni wakho, ofundanabo, osebenza nabo, noma abantu obaziyo noma ongabazi nhlobo.

Uma uyisibane emhlabeni, abantu abasondelane nawe bazokuzwa umoya okhethekile ozokwenza ukuthi bafune ukusondelana nawe futhi balandele isibonelo sakho.

Ngikhalaza ebazalini kanye nabaholi babasha ukuthi bame nabo baqine eqinisweni kanye nasebulungisweni.

Basize bavule amasango emfundo, wokuzwana, kanye no-kusebenza embusweni kaNkulunkulu. Banikeze amandla wokusuka ebulingweni bomhlaba. Bafundise ukukwazi ukuhamba ngokulunga kanye nangenkolo, bathandaze, nokubheka ezulwini ukuze baqine njalo.

Kubasha, ngithi, uBaba waseZulwini uyakuthanda. Ingathi ungabona nothando abanalo abaholi beBandla. Uhlale unentshiseko yokusebenzela uBaba waseZulwini kanye neNdodana Yakhe. Futhi uhlale uhamba ekukhanyeni kweqiniso futhi ube yisibane ngaphakathi kwabantwana bakaNkulunkulu.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Cabanga ngokuxoxa nalabo obafundisayo ukuthi kusho ukuthini ukuba “[ngumtwana] kaNkulunkulu.” Umsebenzi wakho yini lapha? Ungakhuluma ngezikhathi lapho ukukhanya kwabo kwakukhazimula ngempela futhi kwenzwa yini lokho. Babuze ukuthi bacabange ngomuntu othize, njengomuntu omusha, abasebenza naye, ilunga lomndeni, osidingayo isibane sabo. Bese nithandaze nobabili ukuthola izindlela zokwabelana nalokukhanya kuloyo muntu.

INTSHA

Isibani esikhazimulayo

UMongameli Monson ufundisa ukuthi abasha be-Bandla “banobizo lokuba ngokukhanya okukhazimulayo obumsulwa bethempeli, obuletha ukukhanya kwevangeli lomhlaba okhula ngobumnyama.” Usibonisa izindlela ezimbalwa zokwenza lokhu:

Ukwabelana ngevangeli

ukukholwa

Ukukhulisa ukholo

Ukuba ukukhanya kwabanye

Londoloza ubufakazi bakho kuze kukuqinise empilweni yakho

Funda imibhalo

Ukuthandaza njalo futhi ngasosonke isikhathi

Ukusebenza

ukulalela

zinikeze amaphuzu kusukela ku1-5 kuzozonke izindawo Lapho uthole khona amaphuzu amancane, funda ngalezo zihloko emibhalweni noma uzicinge kwi LDS.org Ngemva kokufunda lezihloko, ungacabanga izindlela zokuphucuka beseubeka izinjoko zokwenza njalo.

IZINGANE

Iba yisibani

Njengomtwana kaNkulunkulu, ungumtwana wokukhanya. Ungandisa ukukhanya ngokulandela uMsindisi, uJesu Krestu. uJesu Krestu kanye noBaba waseZulwini bayakuthanda futhi bafuna ukuthi ube-yisibane sabanye futhi ubaholele kuKrestu. Ungaletha ukukhanya uma wena ulandela imiyalelo, njengokuthandaza kanye nokufuda imibhalo. Dweba izinkanyezi kuzezwana lwephepha bese uyalinikeza izihloko zama-cebo nawo ngokuletha ukukhanya kwabanye njengesibonelo sakaJesu Kristu (isibonelo, “ukuya enkonzweni” noma “ukusiza umndeni wakho”).



Izibonakaliso Ezingcwele zikaJesu Kristu: ubuMnene kanye nokuZithoba

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabellana ngakho. Ukuqonda impilo kanye nezindima zikaMsindisi kuzokhulisa kanjani ukhohlo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha? Ukuthola ulwazi olwengeziwe, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

Ukhohlo • Umndeni • Inkululeko

Lena yingxenywe yeMilayezo yokuFundisa ngokuVakasha elandelanayo ephathelene nomumo woMsindisi.

2uJesu wathi, “Kodwa omkhulu kini makabe njengomncinyane, nobusayo makabe njengesisebenzi Ngokuba ngumuphi omkhulu, ohlezi ekudleni noma osebenzayo, na? Akusiye ohlezi ekudleni na? Kepha mina ngiphakathi kwenu njengesisebenzi” (Luke 22:26–27).

“UMsindisi uyisibonelo kithi esihle kakhulu samandla woku-zithoba kanye nokuzehlisa. Emva kwalokho, Ukuvumela intando kaBaba kwaletsa Mhlawumbe amazwi angcwele kunawowonke emibhalweni yilawa, “Kungenziwa intando yami, kodwa eyakho” (Luke 22:42).”¹

Njengabafundi bakaJesu Kristu, sihlala sifuna ukufana Naye. “Ubumnene bubalulekile ukuze sifane no Kristu,” kwasho iGosa Ulisses Soares wabayashumi nesishagalombili. Ngaphandle kwayo ngeke sikwazi ukuthola ezinye. Ukuzithoba akusho ukuthi awunamandla, kodwa

kusho ukulunga kanye nobubele, kubonisa amandla, ubumnene, nokuziphatha, kanye okuziphatha kahle.”² Njengoba sisebenza ukuthola lokubumbeka, sizobona ukuthi “ukuzithoba futhi sinikele intando yethu kuBaba kusilethela amandla kaNkulunkulu — namandla woku-zithoba. Amandla wokubhekana nobunzima bokuphila emhlabeni, amandla woxolo, ithemba, nenhli-ziyo egcwele uthando lobufakazi kanye noMsindisi, kanye namandla wensindiso³

Eminye imiBhalo eNgcwele

Matewu 26:39; Johane 5:30; Mozaya 3:19; Helamani 3:35

Kuvela embhalweni Ongcwele

Enye yezikhathi ezimnandi futhi nezinamandla ebufundisini bukaK-restu kwakulapho Egeza izinyawo zabafundi Bakhe. “Wasuka ekudleni, wabeka izingubo zakhe, wathabatha indwangu, wakhwica. Emva kokuthela amanzi emcengezini, wageza izinyawo zabafundi,

futhi wazesula ngendwangu ebe-kiwe ngayo” (John 13:4–5).

Njengoba uMsindisi ebabonisa lesibopho, abafundi bamangala kakhulu ukuthi iNkosi Kanye noMfundisi wabo waguqa phambi kwabo wenza umsebenzi odelelekile. uJesu wachaza izimfundiso ebefuna bona kanye nathi sizifunde:

“Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi, ngigeze izinyawo zenu; nani-ke nifanele ukugezana izinyawo.

“For I have given you an example, that ye should do as I have done to you” (John 13:14–15).

AMANOTHI

1. Richard C. Edgley, “The Empowerment of Humility,” *Liyahona*, Nov. 2003, 99.
2. Ulisses Soares, “Be Meek and Lowly of Heart,” *Liyahona*, Nov. 2013, 9.
3. Richard C. Edgley, “The Empowerment of Humility,” 99.

Cabanga Ngalokhu

Ukuzithoba kungasanceda kanjani ukuze sithande abanye ngendlela uMsindisi wayebathanda ngayo?